1. ISETHULO

I-National Nuclear Regulator (NNR) yinhlangano yomphakathi esungulelwe futhi elawulwa ngokuhambisana neSigaba 3 se-National Nuclear Regulator Act, (Act No 47 ka-1999) ukuze kuvikelwe abantu, impahla nendawo ekulinyazweni yinyukliya ngokuthi kusungulwe imithetho yokuphepha nemikhuba emihle yokulawula.

Ngokuhambisana ne-Use of Languages Act,2012,4(1), i-NNR njengenhlangano yombuso, iye yasungula iNqubomgomo Yolimi ephakanyiswayo mayelana nokusetshenziswa kwezilimi ezisemthethweni ngezinjongo zakwahulumeni eyobe seyamukelwa ngemva kokuxoxisana nomphakathi.

2. INJONGO

Injongo yale nqubomgomo wukuba kuhanjiswane nesigaba 4(1) se-Use of Official Languages Act, 2012 (Act No. 12 ka-2012).

3. AMAZWIBELA

Le nqubomgomo isebenza kubo bonke abasebenzi be-NNR nakumadokhumenti anyatheliswa futhi akhishwa ngumqondisi.

4. IZINCAZELO NOKUFUSHANISWA KWAMAGAMA

4.1 Izincazelo

Umthetho (Act): I-Use of Official Languages Act, 2012 (Act No. 12 ka-2012)
Umthetho-sisekelo: UMthetho-sisekelo WaseNingizimu Afrika (The Constitution of the Republic of South Africa, 1996)
I-Corporate Communications: I-Corporate communications yindlela yokuphatha eyenzelwe ngokuqondile ukuhambisa ulwazi kulabo abangabavoti abasemqoka nokuba kwenziwe izinto ezihleliwe kuhlanganise nokuba kwenziwe imilayezo ngezinjongo ezihlukahlukene ngaphakathi nangaphandle kwayo inhlangano.
I-PanSALB: I-Pan South African Language Board, eyasungulwa ngokuvumelana ne-Pan South African Language Board Act, 1995 (Act No. 59 ka-1995)